www.xtrapapers.com



Diploma Programme
Programme du diplôme
Programa del Diploma

# Ndebele A: literature – Standard level – Paper 1
# Ndébélé A : littérature – Niveau moyen – Épreuve 1
# Ndebele A: literatura – Nivel medio – Prueba 1

Friday 8 May 2015 (afternoon)
Vendredi 8 mai 2015 (après-midi)
Viernes 8 de mayo de 2015 (tarde)

1 hour 30 minutes / 1 heure 30 minutos / 1 hora 30 minutos

---

### Instructions to candidates

- Do not open this examination paper until instructed to do so.
- Write a guided literary analysis on one passage only. In your answer you must address both of the guiding questions provided.
- The maximum mark for this examination paper is **[20 marks]**.

### Instructions destinées aux candidats

- N'ouvrez pas cette épreuve avant d'y être autorisé(e).
- Rédigez une analyse littéraire dirigée d'un seul des passages. Les deux questions d'orientation fournies doivent être traitées dans votre réponse.
- Le nombre maximum de points pour cette épreuve d'examen est de **[20 points]**.

### Instrucciones para los alumnos

- No abra esta prueba hasta que se lo autoricen.
- Escriba un análisis literario guiado sobre un solo pasaje. Debe abordar las dos preguntas de orientación en su respuesta.
- La puntuación máxima para esta prueba de examen es **[20 puntos]**.



2215–0687

© International Baccalaureate Organization 2015

International Baccalaureate
Baccalauréat International
Bachillerato Internacional

www.xtrapapers.com



Hlaziya ubhale ngendima **inye** kuphela. Thinta mibili imibuzo eqondisayo empendulweni yakho.

**1.**

Jobe, menewethu, mntakamama, ngithemba uyangikholwa nxa ngisithi uStephen wayengowokuqala njalo nguye yedwa ijaha lami. Kube ngumnyama ukuthi izinto zime ngale indlela. Kodwa okudanisa ukwedlula konke yikuthi uStephen usengitshiye lalo umthwalo ukuthi ngiwuthwale ngedwa. Njengoba lawe uyazi ukuthi ubaba watshisa zonke izincwadi zakhe ngingazange ngizibale. Wazi kuhle lawe ukuthi ngokubanjwa kwaleyana incwadi angisazange ngibuye ngimbhalele.

Kuthe sebebona ukuthi ngizithwele bathi ngimbhalele ukuze alungise ngiyehlala laye. Ngabhala ngamchasisela ngokubanjwa kwencwadi yakhe ngamazisa lokuthi zonke ayezibhalile kusukela lapho zatshiswa ngubaba. Ngangilethemba ukuthu uzangizwela abone ukuthi ngangingali ukuphendula incwadi zakhe. Ngamtshela ngomthwalo engilawo ngingabhodozi. Kazange aphendule uStephen. Ngabhala eyesibili okwamanje sengicenga ngingasobhodi. Ngamkhumbuza ngencwadi zakhe zothando ayengibhalele zona. Ngamcuphela amazwi ezithembiso ayewabhalile kwezinye incwadi zakhe, ngamkhumbuza izibopho ayezitshilo ngimvakatshele. Ngambuza ukuthi amazwi akhe la ayeyiluju ayesenzelwa ukuba ngiwadle na ukuze ngilunywe yisisu? Ngamncenga ukuthi avume ngiyehlala laye okwesikhathi loba wayengasoze angithathe. Ngamkhumbuza ukuthi ngangimtshelile ukuthi ubaba likholwa kafuni izinto ezinje – kodwa savumelana. Ngambuza ukuthi pho lamhla usethuleleni. Impendulo lawe uzazizwela kuleyoncwadi eleyakho. Impela umhlaba uyahlaba.

Khumbula ukuthi nguwe owangiveza kuStephen, khumbula njalo ukuthi uStephen ngumngane wakho. Kucabange konke lokhu ungincede phezu kwala amalahle angitshisayo. Khuluma loStephen ngezincwadi umenze azwisise ukuthi impilo yami ihamba lemicabango yakhe. Mntakamama, ngenzela lokhu, ungaphumelela ngizakukhumbula impilo yami yonke.

Ungibingelelele abangane bakho khonangapho ngesikolo.

Yimi umnewakho,

UNaomi.

Casper Nyoni, *Umhlaba* (1982)

(a) Xoxa ngendlela umlobi aveza ngayo isimilo somlingiswa ophambili lemuli yakhe kwisicephu.

(b) Ungatshoni ngezakhiwo zobuciko kwisicephu kanye lendlela umlobi azisebenzise ukuvezela umfundi izindikimba?

www.xtrapapers.com



**2.**

**Ningihlaba Umxhwele**

Ukuthi ihlobo selethwese
Kuzwakala ngani nina
BakwaXoxo nixokozela,
Nixoxa ezenu ezingaxoxeki.

Nginithanda lapho
Amehlo esequndeka,
Isibhananazil' inyang' esibhakabhakeni,
Nabafana bayo benigqolozele bangasacwayizi.

Nisho ngengila kudum' izihosha
Kunanele namawa!
Klo! Klo! Klo!
Klo! Klo! Klo!
Ingoma yenu yehl' esiphundu,
Yiz' ubugag' encishw' umfazi,
Nginithanda senicokoma
Nicikoze nisho ngengila.

Nixoxoma nishiy' isixaxa
Nabesifazane bakini bexoxoma,
Baxakeke behlulw' ukukhomba
Ngoba kinina madod' ingengangamlomo.

Niyizilomo bafondini.
Ningilalis' obumnand' ubuthongo
Ngengoma yenu emtoti
Eniyingoma ningomi namathe,
Banamanyala abakwaNyoka
Ngokunihlasela nisazihlalele.
Ningilolozela kamnandi
Ngezingoma zenu ezimnandi.
Anibobuya njalo noma
Sengalala ubuthongo bafuthi,
Ukuthakeka kwengoma yenu
NeyoPhezukomkhono
Okuyongethul' umthwalo wehle ngomkhono.

M S S Gcumisa, *Amakloba* (1994)

(a) Xoxa ngezindikimba ezehlukene kulenkondlo nendlela ezivezwe ngayo.

(b) Itsho izindlela lenhloso inkondlo isebenzisa ubumnandi samculo kolimi.